IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Isithembiso sikaNkulunkulu ku-Abrahama

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus Alastair Paterson
Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Tammy S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Kwathi sekukade zidlulile izikhukhula, abantu basemhlabeni benza icebo.

“Sizokwakha idolobha elikhulu elide elifika esibhakabhakeni. Asiphileni sihlala ndawonye njalo”. Wonke umuntu ekhuluma ulimi olifanayo.

UNkulunkulu wayefuna abantu behlale kuzozonke izindawo, besaphalale kuwo wonke umhlaba awudala. Ngakhoke wenza into ekhethekile. Ghubhubhu, amaqembu abantu akhuluma ngokuhluka. UNkulunkulu wabanika
izilimu ezintsha.

Laba ababekhuluma ulimi olufanayo bahambha ndawonye. Okungenzeka ukuthi babexwaya laba ababekhuluma ngendlela engaqondakali.

Ngaleyondlela,
uNkulunkulu

wadala ukuthi
abantu besaphalale
begcwalise izizwe
ezihlukile.

Idolobha leli abalishiya lalibizwa ngokuthi i-Babela, elisho ukudideka ngoba uNkulunkulu wadida ulimi webenza bekhulume ngokuhluka.

Ekudluleni kweminyaka,
endaweni ebizwa
ngokuthi ise-Uri
lamaKaledi,
uNkulunkulu
wakhuluma
nendoda
ekuthiwa
u-Abrama.

“Phuma ezweni lakini, uye ezweni engizokukhombisa lona.”

Wasilalela isiyalo u-Abrama. uNkulunkulu wamusa eKhanana ehamba nonkosikazi wakhe uSarayi kanye nendodana yabhuti wakhe u-Loti.



U-Abrama kanye noLoti bafika baceba kakhulu eKhanana. Babe nemfuyo eningi. Amadlelo atshani ayengayinelisi imfuyo ngoba yayiningi.

Abelusi baLoti babexabana nabelusi baka-Abrama bebanga amadlelo. “Akungabikhona ukuxabana” kusho u-Abrama. “Sizohlala ngokuhlukana. Loti, khetha kuqala umhlaba owufunayo”.

uLoti wakhetha indawo enotshani
obuhle, amadolobha kanye
nezakhamizi ezinhle.

Kwabukeka kukuhle kodwa
amadolobha ayegcwele ukonakala
nokungcola, abantu bebabi
bengabonayo kakhulu
phambi kukaJehova.

Emva kokuhamba kukaLoti,
uNkulunkulu waphinda wakhuluma
no-Abrama. "Ngikunika wonke
umhlaba wase-khanana, owakho
kanye nenzalo yakho kuze kube
phakade."

U-Abrama benoSariya babengenazo izingane. Kaze uzosigcina kanjan isithembiso esingaka uNkulunkulu?

U-Abrama benoSariya bavakashelwa amadoda amathathu avela kuNkulunkulu.

Athi "nizothola umntwana maduze nje". Wahleka uSariya ngoba wayengawukholwa umyalezo kaNkulunkulu. Wayeneminyaka eyamashumi ayisishiyakalolunye (90) ubudala.

uNkulunkulu watshela u-Abrama ukuthi usezoba u-Abrahama okuchaza {"Ubaba wezizwe"}.
uSariya ebe uSara okusho {"Umama wezizwe"}.

UNkulunkulu wasetshela u-Abrahama ukuthi uyobhubhisa lamadolobha anokungcola aseSodoma kanye naseGomora.
Indodana kamfowabo wa-Abrahama, uLoti, wayehlala eSodoma kanye
nomndeni wakhe.

uLoti wasikholwa isixhwayiso sikaNkulunkulu kodwa umyeni wendodakazi yakhe waba nenkani wala ukusuka eSodoma. Kwaswabisa ukuthi abasikholwanga isixhwayiso sikaNkulunkulu.

Idolobha eligcwele
ukungcola labhubha
ngesibabule nomlilo,
kwasinda uLoti namadodakazi
akhe amabili kuphela.

Kwababuhlungu ngoba unkosikazi kaLoti wasigolozela isixhwayiso sikaNkulunkulu sokungaqalazi emuva, ...

... waqalaza unkosikazi
kaLoti waphenduka
insika kasawoti.

INkosi yasigcina isithembiso sayo ku-Abrahama benoSara. Bathola umntwana sebebadala, njengokusho kukaNkulunkulu. Abajabulanga kanje kuzalwa u-Isaka!


u-Abrahama
waphinde wacabanga
nangesithembiso
sikaNkulunkulu
sokunika yena
nenzalo yakhe
umhlaba wase
Khanana
kuzekube
ingunaphakade.

uNkulunkulu
uzosigcina
leso sithembiso
naso. uNkulunkulu
uhlezi ezigcina
izithembiso
zakhe.

Isithembiso sikaNkulunkulu ku-Abrahama

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Genesis 11 - 21

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16